ISAZISO SOMHLANGANO WOMPHAKATHI NJENGENGXENYE YENQUBO YOKUGUNYAZWA KWENDAWO YOMKLAMO WOKUNWEBA IMAYINI I-SASOL MINING (PTY) LTD. IMPUMELELO (DMR inombolo yereferensi: MP30/5/1/2/3/2/1(138) EM)

Ngokulandela izidingo zoMthetho wokuThuthukiswa kweNgcebo yeziMbiwa Phansi kanye noWoyela Ongahluziwe, wonyaka wezi-2002 (uMthetho 28 wezi-2002) (MPRDA), uMthetho wokuPhathwa kwezeMvelo kuZwelonke, wonyaka we-1998 (uMthetho nombolo 107 we-1998) (NEMA), kanye noMthetho wezaManzi kuZwelonke, wonyaka we-1998 (uMthetho 36 we-1998) (NWA), kanjalo nemithethonqubo nemihlahlandlela engaphansi kwalemithetho, bonke abantu abaneNtshisekelo nabaThintekayo (I&APs) bayagqugquzelwa futhi banikwa ithuba lokubamba iqhaza ekuphathweni kwemvelo.

Imayini i-Sasol Mining (Pty) Ltd's Impumelelo Mine yimayini evele ikhona yomsebenzi wokumba amalahle esendaweni engamakhilomitha angama-45 ukuya eningizimu nentshonalanga yaseSecunda; engamakhilomitha angama-20 empumalanga yase-Greylingstad kanye namakhilomitha angama-60 enyakatho nentshonalanga yase-Standerton eMpumalanga Highveld. Ngalokho-ke, imayini i-Impumelelo Mine, nayo ingena ngaphansi kolawulo loMasipala wesiFunda i-Gert Sibande. Inkampani yakwa-Sasol Mining (Pty) Ltd. ifisa ukunweba Impumelelo Mine ngokwengeza izingxenye zamapulazi i-Boschmansfontein 523 IR, Hartbeesfontein 522 IR, Grootvlei 579 IR, Mahemsfontein 544 IR, Paardefontein 584 IR, Raskop 667 IR kanye ne-Wolwefontein 534 IR.

Abakwa-Sasol Mining (Pty) Ltd bahlose ukuthumela isicelo samaLungelo Okumba imayini ngokwe-MPRDA (2002) ezindaweni ezibalulwe ngenhla, ngalokho-ke kudingeka ukuthi Iphenye kuphinde kuHlolwe uMthelela kwezeMvelo kanjalo noHlelo lokuPhathwa kwezeMvelo njengokwezidingo ze-NEMA (1998).

Isimemo sokuhambela umhlangano womphakathi:

Kuzobanjwa umhlangano womphakathi ukuze kuhlinzekwe ama-I&APs ngolwazi oluthe xaxa mayelana nalokhu okuhlongozwayo okubalulwe ngenhla mayelana nomklamo wokunweba i-Sasol Mining (Pty) Ltd. Impumelelo Mine, kanye nokusungula ithuba lokuthi ababambiqhaza bafake elabo igalelo nemibono, kanye nokubuza imibuzo kanye / noma ukuveza abakubona kuyizinkinga. Uyamenywa ukuba uthamele umhlangano womphakathi njengoba kubhaliwe ngezansi:

Usuku lomhlangano: **27 kuMasingana wezi- 2016**
Isikhathi: **2:00 ntambama kuya ku- 4:00 ntambama**
Indawo: **Sasol Mining Centre, ku-R546 eduze ne-Brandspruit main shaft complex**
RSVP: **22 kuMasingana wezi- 2016**
Usuku lokukhangisa: **14 kuMasingana wezi- 2016**

Ukutholakala koMbiko woPhenyo ukuze umphakathi uphawule ngawo:

Umbiko wohlaka loPhenyo uzokwenziwa ukuthi utholakale emphakathini ukuze umphakathi uzowubuyekeza isikhathi esiyizinsuku ezingamashumi amathathu (30) kusukela mhla ziyi-19 kuMasingana wezi-2016 kuya mhla ziyi-19 kuNhlolanja wezi-2016. Amakhophi amaphepha azotholakala ehhovisi lezokuvikela e-Sasol Mining (Pty) Ltd. Impumelelo Mine, e-Val Hotel, kanye naseposini lase-Greylingstad. Ikhophi ku-inthanethi izotholakala ku www.cleanstream.co.za. Iphepha lokubhalisa kanye nelokuphawula azoba khona ezindaweni zokubuyekeza zomphakathi. Sicela ugcwalise iphepha lokubhalisa emva kokubuyekeza iphepha. Kungenjalo, thumela i-imeyli noma ifeksi nokuphawula kwakho kubaxhumanisi bakwa-Clean Stream Environmental Consultants (imininingwane ihlinzekwe ngezansi).

Iphepha lama-I&AP lokubhalisa:

Ukuze uqinisekise ukuthi uhlonzwe njenge- I&AP, sicela uthumele igama lakho, imininingwane yokuxhumana kanye nentshisekelo yakho ngomklamo kuye kumuntu obhalwe ngezansi ezinsukwini ezingama-30 zokushicilelwa kwalesi sikhangisi.

Iphepha lolwazi ngesendlalelo somklamo liyatholakala ngolwimi lwesiNgisi, isiBhunu kanye nesiZulu uma ulicela kwabakwa-*Clean Stream Environmental Consultants*.

Imininingwane yokuxhumana:
Osebenza ngokuhlola Indawo:
Abaxhumanisi bakwa-Clean Stream Environmental Consultants
Umuntu okuxhunyanwa naye: Sonja van de Giessen / Natalie Lubbe
Iposi: P.O. Box 32201, Glenstantia, 0010
Inombolo yocingo: 012-993 5988
Inombolo yefeksi: 012-993 1361
I-imeyli: sonja@cleanstream.co.za / natalie@cleanstream.co.za